

## **USARS unyusa izinga lokugxila kwawo kulabo abadla izambane likapondo nabanempahla ephesheya kwezilwandle**

**Tshwane, 24 kuNhlolanja 2021 -** UPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luzinikele kunhoso yalo yokusungula nokusingatha uhlelo Iwentela noMnyango wokuThelisa oluncike ekuthobeleni ngokuzithandela. Sikhola ukuthi abakhokhintela abaningi bafuna ukugcina izibophezelozabo zentela ngokomthetho ngokuzithandela. Ngalokhu, uSARS uhlinzeka ingcaciso nesiqinisekiso kubakhokhintela ukuze bagcine lezi zibophezelozabo, futhi lusebenza ngokuzikhanda ukwenza kube lula futhi kungabi nazihibe ukuxhumana nesikhungo. Okubaluleke ngokulinganayo kwaSARS ukwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo bakhokhintela abangazimisele ngokuthobela.

Ukuze uSARS uqhubeke nokuhlinzeka usizo oluqondene nomuntu ngamunye futhi olungenazihibe kubakhokhintela bezinhlobo ezahlukene, sisungula uphiko oluseceleni oluzogxila kubaKhokhintela ngaMunye abanengcebo kanye nezinhlelo zezimali eziyinkimbinkimbi. Lolu phiko oluzokwaziwa nge-*High Wealth Individual Taxpayer Segment (HWI)* luzoqala lube lapho kukhona khona i-*Large Business & International Taxpayer Segment (LB&I)*.

Lolu phiko luzogxila kubakhokhintela abanengcebo kanye nezinhlelo zezimali eziyinkimbinkimbi. Sizobe sihlinzeka ngosizo oluhlukile, kinalolu esilunika kwezinye izinhlobo zentela, kulabo abanengcebo enku, evame ukuvela emithonjeni eminingi ngaphandle kwemiholo futhi abasebenzisa izinhlelo zezimali eziyinkimbinkimbi futhi abanempahla emazweni aphesheya kwezilwandle. Sikholelwa ukuthi izitativende zempahla nezikweletusibopho abanazo yizo eziweza kangcono izindaba zabo zezimali kunezitativende zengeniso.

USARS usohambweni lokukhuthaza umkhuba wokuzithobelela ngokwakho. Ngenxa yalokho, besilokhu siqaphelisa abakhokhintela abanempahla esemazweni aphesheya kwezilwandle ezingadaluliwe ngokuphelele ukuze sikhulise izinga lokuthobela. Njengesikhungo okuyiso esalandela imigomo yamazwe omhlaba ku-*Automatic Exchange of Financial Account Information*, uSARS unolwazi olumayelana nempahla yama-akhawunti aphesheya kwezilwandle Iwabakhokhintela baseNingizimu AFrika, ezinye okubonakala ukuthi azange zidalulwe. Ulwazi esesilutholile esesinalo lukhombisa ukuthi kungenzeka kube khona abakhokhintela abaningi abangathobeli.

Ngonyaka wezi-2016/17, abakhokhintela babenikwe ithuba lokulungisa izindaba zabo zentela ziveze izimpahla zabo ezipheheya kwezilwandle ngokusebenzisa uhlelo i-Special Voluntary Disclosure Programme (SVDP). Abakhokhintela babe nethuba lokwenza lokhu ngohlelo oluqhukayeo Iwe-Voluntary Disclosure Programme (VDP) ngaphansi koMthetho wokuSingathwa kweNtela, 2011. Abanye abakhokhintela balithatha leli thuba. Kodwa-ke, yize kube nethuba lokuthi balungise izindaba zabo zentela, abanye abakhokhintela baqome ukungalithathi lelo thuba. Ulwazi uSARS alutholile luvela ezindaweni ezingama-87 emhlabenji jikelele, oluchaza kabanzi izimali zabakhokhintela baseNingizimu Afrika ezipemazweni aphesheya kwezilwandle. Sihlose ukubuyekeza ngokucophelela ulwazi futhi silucwaninge kahle, lapho kunesidingo.

Ukuze lolu hlelo lube nobulungiswa futhi lusingathwe ngendlela esebezayo, uSARS uzobhalela labo bakhikhintela abathintekayo ucele ulwazi ngezimali nezimpahla zabo

ezisemazweni aphesheya kwezilwandle. Isicelo esokuthunyelwa kwezinto ezifanele ngenhloso yokuhlolola ubungozi okungasho ukuthi sekuyobe sekuqale inqubo yokucwaningwa kwamabhuku kodwa kuyoba yikho okuyoba umhlahlandela wokuzokwenzeka esikahtthini esizayo.

Abakhokhintela abafuna ukulungisa izindaba zabo zentela basakwazi ukwenza njalo ngkusebenzisa i-VDP, okuwuhlelo oluholinzeka ngemigomo engcono uma kuhlolwa (uma kubhekwa amanani enhlawulo). Ngakho-ke, uSARS ugquqquzel a abakhokhintela abanempahla abangayidalulile ukuthi bathathe leli thuba lenqubo ye-VDP. Abakhokhintela bayakhunjuzwa ukuthi ukuhluleka ukwenza lokhu kungase kuholele ekuthathelweni izinyathelo zokusingatha noma ngisho izinyathelo zamacala obugebengu kubo.

Ikheli lombikombani elibekelwe lokhu elithi, [HVI@sars.gov.za](mailto:HVI@sars.gov.za) lenzelwe ukubhekana nezimpendulo ezivela kubakhokhintela abathintekayo futhi luzokwenza kube nendlela engaguquguquki. Abakhokhintela abathintekayo abafisa ukusebenzisa lolu hlelo oluqhubeckayo Iwe-VDP kanti abakhokhintela okungakaxhunyanwa nabo belulekwa ukuba bathinte uPhiko Iwe-VDP ngqo kuleli kheli [VDP@sars.gov.za](mailto:VDP@sars.gov.za).

IYAPHELA